

Umhlangano wesi-9 we-Africa Initiative

Tshwane, 28 kuNhlaba 2021 – UKhomishana woPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS), uMnu. Edward Kieswetter ubekhuluma emhlanganweni wesi-9 we-Africa Initiative obubanjelwe ku-inthanethi kusukela mhla zingama-26 - 28 kuNhlaba 2021, njengengxenye yokubungaza inyanga ye-Afrika. Umhlangano uqondane nokwethulwa kwe“*Tax Transparency in Africa 2021: Africa Initiative Progress Report*”.

I-Africa Initiative yethulwe ngokubambisana ne-OECD Global Forum on Transparency and Exchange of Information for Tax Purposes ngonyaka wezi-2014, ukuqinisekisa ukuthi amazwe ase-Afrika ayahlonyiswa ukusebenzisa ukuthuthukiswa kokuba sobala nokushintshana ngolwazi ukuze akwazi ukubhekana nokugwenywa kwentela.

UKhomishana uKieswetter, ophinde abe iPhini likaSihlalo we-Africa Initiative, ubebambe isihlalo somhlangano ngokubambisana noKhomishana-Jikelele we-Kenyan Revenue Authority, uMnu Githii Mburu, owuSihlalo we-Africa Initiative.

UKhomishana uKieswetter uthethe ukuba sobala ngezindaba zentela kanye nokushintshana ngolwazi kusemqoka njengoba izindlela zebhizinisi zishintsha ngesikhathi ukuze zisebenze ngedijithali, kungabi ezasekhaya zodwa futhi zibe ngemihlangano ebanjwa ezinkundleni zokuxhumana futhi njengoba imingcele yokuba khona siqu iya iphela ukubaluleka kwayo ekukhiqizweni nasekuhanjiseni kwempahla nosizo, sisonke intela yethu isengcupheni yokuphazamiseka.

Wengeze ngokuthi, “Amalungelo ethu entela angaphansi kwengcindezi. Amazwe acebile angabukeka sengathi ayaphunza okwesikhathi esifishane, bese kuthi lawa mazwe ahlwempu nasathuthuka angaqhubeka nokuphunza. Kodwa eqinisweni, esikhathini eside esizayo, njengabeNgamele iNtela, ngokubambisana nohulumeni bethu, singaba sengcupheni yokuphunzelwa okukhulu. Asikho isikhathi esidlula lesi ukuba iziphathimandla zentelo zibe sobala ngentela nangamazinga okushintshana kolwazi, ikakhulu iziphathimandla zentela zase-Afrika”.

Ngonyaka owedlule kunyukile kncane ukusetshenziswa kwamazinga okuba sobala ngentela nokushintshana kolwazi emazweni amaningi ase-Afrika kwaba nemiphumela ekhuthazayo.

“Kodwa-ke, asikwazi ukusheshe sithi sesiphumelele, kusekuningi okusamele kwenziwe. Iziphathimandla zentela zase-Afrika zikubeke kwacaca ukuthi kunesidingo sokuthi izisebenzi zentela ezinekhono zisebenzisane nezingqalasizinda zokushintshana ngolwazi ukuze konke kube yimpumelelo. Intuthuko eqhubekayo yokuba sobala ngezindaba zentela kusemqoka ekuqinisekiseni ukuthi intela iyathotshelwa kanti i-Africa Initiative kumele iqhubeke nokweseka amalungu ayo ngokulekelela ngobuchwepheshe nokwandisa umthamo wokwenza lokho.”

Umhlangano ukuqaphelile ukuthi, yize kunezinselelo eziphonswe ubhubhane lwe-COVID-19, amazwe ase-Afrika ahlangani athumela izicelo zokushintshana ngolwazi okokuqala emva kokunwenwa kwezivumelwano zokushintshana ngolwazi zaya ebudlelaneni obungaphezulu kwezi-3700 ngonyaka wezi-2020, zinyuka zisuka kwezilinganiselwa kweziyi-2500 ngonyaka wezi-2019.

Phezu kwalokho, ithuthuko iyaqhubeka ekuqalisweni kohlelo oluzenzekelayo lokushintshana ngolwazi (i-AEOI) njengoba iNigeria iqala ukushintshana ngolwazi ngonyaka wezi-2020, ilandela ezinyathelweni ze-Ghana, iMauritius, iSeychelles kanye neNingizimu Afrika. IMorocco neKenya bazoqala ukushintshana ngolwazi ngonyaka wezi-2022.

Kusukela ngonyaka wezi-2009, ukushintshana ngolwazi kulekelele amazwe ase-Afrika akwazi ukuhlonza imali engeziwe yentela eqoqwayo (intela, inzalo kanye nezinhlawulo) eyevile ku-EUR 1.2 billion. Ngonyaka wezi-2020 kuphela, amazwe ase-Afrika ahlonza ngaphezulu kuka-EUR 34.8 million wemali engeziwe ngenxa yokucelwa kokushintshana kolwazi (i-EOIR), kanti kulindeleke ukuba leli nani linyuke eminyakeni ezayo njengoba abaSingathi beNtela e-Afrika bezoqhubeka nokuthuthukisa nokwenza ngcono uhlelokhumano namandla okushintshana ngolwazi.

Kuphethwa umhlangano, uKhomishana uKieswetter uphinde wagcizelela ukubaluleka kwe-*Africa Initiative* kanye nohlelo lokuzokwenziwa i-*2021 Action Plan*. “I-Africa ayikho hlwempu, pho kungani abantu base-Afrika behlwempu? Lolu uhlelo lwethu

esiluqinisekisayo lapha namuhla, ukuze kusizakale amazwe ethu kanye nezwekazi lonkana, ngabanye kumele sibe nohlelo futhi silisebenzise lolo hlelo.

“Ayikho enye indawo okumele abasingathi bentela basebenzisane kakhulu kuyo njengalendawo yokuba sobala ngentela kanye nokushintshana ngolwazi. Ukuze sikwazi ukuvuna imali eyingxenye yelungelo lethu lokuthelisa futhi sifukule izimpilo zabantu base-Afrika, ikakhulukazi labo ababencishwe amathuba, kumele sisebenzisane.. Njengoba sengiphetha lo mhlango nginisiya nalesi sisho sase-Afrika - Uma ufuna ukuhamba ngesivinini hamba wedwa, uma ufuna ukuya kude, hambisanani.”

Ngolwazi olwengeziwe nge-Africa Initiative, beheka lokhu okulandelayo:

- [Statement of outcomes of the 9th Africa Initiative meeting, 26 – 28 May 2021](#)
- Tax Transparency in Africa 2021: Africa Initiative Progress Report (<https://www.oecd.org/tax/transparency/documents/tax-transparency-in-africa-2021.htm>)